



education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2009

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-19.

IMIYALELO KWABAHOLWAYO

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.
2. Ungafundi lonke iphepha. Bheka kokuukethwe ngezansi uphawule izinombolo zemibuzo ebhekiswe emsebenzini owufunde phakathi nonyaka.
3. Phendula imibuzo EMIBILI. Bheka futhi kokuukethwe ngezansi ukuze ubone ukuthi izincwadi zihlukaniswe kanjani.
4. I-eseyi yakho yemibhalo akumele yedlule emagameni angama-240.
5. Emibuzweni emifishani, uzoholwa imiklomelo enikeziwe embuzweni ukuthi impendulo yakho kufanele ibe yinde kangakanani.
6. Bhala izinombolo zezipendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
7. Bhala ngombhalo obonakalayonofundekayo.
8. Qala umbuzo EKHASINI ELISHA.
9. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINE:

ISIQEPHU A: INOVELI	(35)
<ul style="list-style-type: none"> • <i>Kusinda kwehlela endodeni</i> SJ Mchunu <p style="text-align: center;">NOMA</p> <ul style="list-style-type: none"> • <i>Umshado</i> N Zulu 	
ISIQEPHU B: UMDLALO	(35)
<ul style="list-style-type: none"> • <i>Isiko nelungelo</i> N Zulu <p style="text-align: center;">NOMA</p> <ul style="list-style-type: none"> • <i>Ababulali benyathi</i> RM Mngadi 	
ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE	(35)
<ul style="list-style-type: none"> • <i>Izinyembezi zothando</i> DBZ Ntuli 	
ISIQEPHU D: IZINKONDLO	(35)
<ul style="list-style-type: none"> • <i>Izinkwazi zoThukela namaHloko hloko</i> 	

10. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule imibuzo emibili kunoma yiziphi izincwadi ezimbili kwezingenhla.

ISIQEPHU A: INOVELI**KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 – 240.

UMBUZO 1

Chaza ubudlelwane obutholakala phakathi kwesizinda nendikimba kule noveli ethi: *Kusinda kwehlela endodeni.*

[35]

NOMA**UMBUZO 2**

Funda isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo:

Kulukhuni ukuba yindoda ngoba ike iboshelwe noma izacile. Kwake kwaba nzima endodeni ngoba yayingafundile ikakhulukazi lapho sekudingeka ifunde incwadi eyibhalelw yingodus yayo ekhaya. Kwakudingeka ukuba icele njalo ukufundelwa abavela kancane esikoleni. Ngelinye ilanga bezihlalele nje kuyimpelasonto, sekusho enye insizwa ithi, "Bafowethu mina ngibona kufanele siyofunda esikoleni sasebusuku ukuze nathi sikwazi ukuzifundela izincwadi zethu, singalokhu sihlupha abantu njalo uma sibhalelw yizintombi zethu. Nithini nina madoda ngale ndaba?" Iso le nsizwa zivumele phansi ezinye izinsizwa.

Ibuze enye insizwa, "Uthi thina bothina nje siyokwazi ukubhala, siveteze njengoLwazi abaveteza sengathi bazalwa abelungu? Uke umbone uma ebhala ukuthi usheshisa kanjani? Mina ngibona sengathi singeke salunga lapho."

"Mina ngibona kungafanele sesabele kude. Ikhona enye insizwa lapha emsebenzini ethe yona isiqalile futhi seiyakwazi ukubhala igama layo manje, ize yalibhala ngomunwe phansi emhlabathini ngesikhathi sidla izolo. Isibhala kahle nje impela ize yathi kimi uma ngithanda izongiyisa khona kusasa lokhu. Ngiyaya impela. Ngifuna ukubhalela umama ekhaya engakapheli amasonto amahlanu."

- | | | |
|-------|--|-----|
| 2.1 | Bakuphi laba abakhulumayo. Sekela impendulo yakho. | (2) |
| 2.2 | Chaza ukuthi kusho ukuthini lokhu: | |
| 2.2.1 | Inkabi ike iboshelwe noma izacile? | |
| 2.2.2 | Uveteza sengathi uzalwa ngumlungu? | |
| 2.2.3 | Ukwesabela kude? | (6) |
| 2.3 | Chaza ukuthi kwakubaluleke ngani ukwazi ukufunda nokubhala kulaba bantu. | (2) |

- 2.4 Ngabe kuyiqiniso noma umbono ukuthi umuntu oye esikoleni uyakwazi ukufunda nokubhala? Sekela impendulo yakho. (2)
- 2.5 Chaza ukuthi izifiso zokufunda zalezi zinsizwa zafezeka yini. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 2.6 Ngabe imali eyayikhokhwa kulesi sikole kwabe kuyinani elifanele na. Sekela impendulo yakho. (2)
- 2.7 Indlela abantu ababephila ngayo kudala yayisho ukuthi abesilisa babeshiya amakhaya abo bahambe izinyanga eziningi behlukene nemindeni yabo ngenxa yomsebenzi. Ngabe yiyona ndlela okwakufanele kuphilwe ngayo leyo? Chaza ubhekise emalungelweni abo, ezombusazwe, ubulili, amazinga okuhlupheka kanye nezinkolelo. (8)
- 2.8 Kunengwijikhwebu kule ndaba. Yichaze ubhekise emlandweni wonke kaManyoba esuka ekhaya eyosebenzela ukwakha umuzi kuze kufike lapho esenamadodana amane, afundile aphila kahle. (6)
- 2.9 Qondanisa UHLU A NOHLU B.

UHLU A	UHLU B
2.9.1 Impelasonto	A owakwaMchunu
2.9.2 UManyoba	B intombi esilotsholwe
2.9.3 Ingodus	C uMgqibelo neSonto
	D umuntu oseganile

- 2.10 Chaza umlayezo wombhali kule ndaba. (2)
[35]

NOMA

UMBUZO 3

UMSHADO – N Zulu

Chaza ubudlelwane obutholakala phakathi kwesizinda nendikimba kule noveli elithi: *Umshado*. [35]

NOMA

UMBUZO 4

Funda isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo:

Kuthi uma umfundisi ethi akuqhutshewa, aphumule. Afise sengathi ngabe uyabonga kuLindiwe. Akabange esaqhubeka nokho umfundisi. Wathikazisa abelungu abaphonseka khona endlini yesonto lapho. Kwakuyizinsizwa ezimbili nentokazi eyodwa. Intokazi le isifakwe ozankosi. Benyuke laba belungu baqonde emsamo lapho okuhlezi khona abashadayo.

Bathi ukukhuluma bodwa laba belungu. Ikhombe umakoti le ntokazi efakwe ozankosi. UBheki wathi ethi jeqe wabona ukuthi uPamella lo oseboshiwe. Uthe ethi uyasukuma; bamhlalisa phansi. Lezi zinsizwa ezimhlophe ezimbili kwacaca ukuthi amaphoyisa. Elilodwa iphoyisa lakhipha izinsimbi labopha umakoti. UBheki kwakusengathi uyaphupha. Wasuka walandela amaphoyisa ayelehamba noTholi. Kwasuka omkhulu umsindo esontweni.

"Yini Tholi? Niboshelwani?" kubuza uBheki ekhala.
"Ubofika ecaleni mntakwethu."

Akabange asakwazi nokuvalelisa uBheki. Umakoti noPamella base begcwele evenini ngemuva. Bayisusa ngokukhulu ukushesha abafana babelungu. Yanyamalala ngokushesha.

UBheki wasala ekhamisile lapho nesudi kanokusho. Akekho owasondela kuyenangaphandle kukanina noLindiwe.

"Ikhona imoto Bheki, asihambe siye ekhaya." Uthe uma ebheka ukuthi ubani lowo okhulumayo uBheki, wacishe waquleka uma ebona ukuthi uLindiwe. Akakwazanga ukuzizela uBheki. ULindiwe wamdonsa uBheki wamngenisa emotweni bahamba.

- 4.1 Bakuphi laba abakhulumayo? Sekela impendulo yakho ngokucaphuna esiqeshini esingenhla. (2)
- 4.2 Shono ukuthi ubani lo makoti okukhulunya ngaye lapha? (1)
- 4.3 Chaza ukuthi kusho ukuthini lokhu okulandelayo njengoba kusetshenziswe esiqeshini:
 - 4.3.1 Ukuphonseka endlini.
 - 4.3.2 Ukusala ukhamisile. (4)
- 4.4 Chaza ukuthi isifiso sikamakoti nomkhwenyana sokushada safezeka yini. Sekela impendulo yakho. (2)

4.5 Qondanisa UHLU A NOHLU B.

UHLU A	UHLU B	
4.5.1 Kwacaca	A ukungakholwa ukuthi into iyenzeka	
4.5.2 Kwangathi uyaphupha	B ukufakwa evenini	
4.5.3 Ukugcwala iveni	C kwaba sobala	
	D kwaba into edidayo	(3)
4.6 Kunengwijikhwebu kule ndaba. Yichaze ubhekise kokwenzenka esontweni ngosuku lomshado kaBhekani noTholi.		(5)
4.7 Kule ncwadi kutholakala ukushayisana kwenkolo nesiko. Bhala amaphuzu abe MABILI afakazela lokhu.		(2)
4.8 Ingabe uTholakele wayengumfelokazi ngempela? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMANE.		(4)
4.9 Chaza ukuthi uthini umyalezo wombhali kule ndaba. Bhala amaphuzu AMATHATHU.		(3)
4.10 Ucabanga ukuthi kwagcina kwenzakaleni kuBheki noLindiwe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU.		(3)
4.11 Chaza ukuthi yiliphi isiko okwakufanele lenziwe nguBheki nonina ukuze akwazi ukushada nomfelokazi wakhe.		(2)
4.12 Chaza ukuthi uBhatomu uhlobo luni lomlingiswa. Ukusho ngani lokho?		(2)
4.13 Kwamphatha kanjani unina kaBhekani ukuboshwa kukaTholi ngelanga lomshado? Sekela impendulo yakho.		(2)
		[35]

AMAMAKI ESIQEPU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu esilandelayo. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 – 240.

UMBUZO 5***ISIKO NELUNGELO – N Zulu***

UThenjiwe ungumlingiswa onenkanzi, ongahloniphi, futhi ongawazi amasiko esintu. Ngabe uyavumelana noma uyaphikisana nalesi sitatimende esingenhla? Sekela impendulo yakho ubhekise kulo mdlalo ubhale kungeqi emagameni angama-240.

[35]

NOMA**UMBUZO 6**

Funda isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo:

(*Kungasesitolo. UDumisani uhlangana noThenjiwe ehamba noSipho.*)

- | | |
|-----------|---|
| Sipho: | Washo-ke ukuthi kanti emzini ubuyiswe inkinga enjalo. |
| Thenjiwe: | Angibuyile unomphela njalo. Kukhona abathi basafuna ukungichazela khona. |
| Sipho: | Yini le okufuneka ichazwe usekhona? |
| Thenjiwe: | Izinkinga zamasiko Sipho. Emva kokushona kukaSikhumbuzo phela emzini bathi angigane umfowabo omncane. |
| Sipho: | Kahle wena? |
| Thenjiwe: | Ngempela. |
| Sipho: | Bazi kanjani ukuthi nizothandana? |
| Thenjiwe: | Bavele bathi yisiko. Ngenqaba-ke mina. Bathi angize ekhaya-ke ukuze ngelulekwe. |
| Sipho: | Kodwa yena lowo mfowabo uyakuthanda uma ubuka? |
| Thenjiwe: | Ubengangithandi yena kodwa muva nje, ngibona sengathi usenzela abazali bakhe. Ngisafuna ukumbona ngimtshela ukuthi akakhohlwe yimi. |
| Sipho: | Kodwa yena angajabula kanjani esedla ngandoda engeshelanga. |
| Thenjiwe: | Kusho ukuthi isishimane phela. (<i>Ahleke</i>) uyazi yini Sipho sengimzonda kabi lowo mfana. Ngicabanga ngisho ukumenza kabi inkosi impela ... (<i>Le ngxoxo iyaqhube ka</i>) |

Dumisani: Mana phela kancane. (*Athathe izinyawo asondele kubo*)

Sipho: Kanti awuzwa uma lo sisi ethi ujahile mfowethu?

Dumisani: Angikhulumi nawe sikhulu. Siyezwana?

Thenjiwe: Phela yimi engithe akangiphelezele lo engihamba naye. Kusho ukuthi usilibazisa sobabili.

Dumisani: (*Abambe uThenjiwe ngengalo. Ame noSipho*) Hamba Mfowethu. Ngisaxoxa noThenjiwe.

Sipho: Ngeke ngivume njengoba umbamba ngenkani nje. Myeke!

Thenjiwe: Angifuni we Dumisani! Uyazi ukuthi yingenxa yakho. (*Ahluthule abambisise uDumisani*)

Sipho: Kanti unjani lo muntu? Yeka le ngane wena!

Thenjiwe: (*Acoshe itshe*) Ngizokusakaza ngalelitshe, uyezwa?

Dumisani: Kanti uhlanganiswe yini nalo Sipho ongasafuni ngikhulume nawe?

Thenjiwe: Hlukana noSipho wena. Ucabanga uzoganwa yimi unje, ngeke.

Dumisani: Nginjani? (*Abambe futhi*)

Thenjiwe: (*Alidedele itshe lihlale ekhanda*) Angithi ngikutshelile.

Dumisani: Uzolimala wena. Uyangishaya. (*Akhahlele esiswini*)

Sipho: Hhayi bo! Wenzani lo muntu. (*Alamule*) Nenzani kanti?

Dumisani: Uyangibamba? (*Ashaye kuSipho*)

Thenjiwe: Mshaye Sipho!

Sipho: (*Akhiphe ummese*) Uzothola lokhu-ke manje.

- 6.1 Chaza ukuthi kusho ukuthini ukubuya unomphela. Kungani uThenjiwe ethi akabuyile unomphela? (2)
- 6.2 Chaza ukuthi uThenjiwe bazana kanjani nalo Sipho ahamba naye. (2)
- 6.3 Ingabe kungumkhuba omuhle yini ukuthi insizwa iphoqe intombi ukuthi ikhulume nayo njengoba kwakwenza uDumisani ebamba uThenjiwe ngengalo ukuze eme akhulume naye yize ayengathandi? Sekela impendulo yakho. (2)
- 6.4 Chaza ukuthi inkulumo-mpendulwano eyaba phakathi kukaDumisani noSipho inabudlelwane buni nendikimba yalo mdlalo. Bhala amaphuzu AMABILI. (4)

- 6.5 Chaza ukuthi inkulomo yabalingiswa abangenhla iholele kanjani ukuthi uDumisani agcine esesibhdedlela, uSipho yena aboshwe. (5)
- 6.6 UThenjiwe ufanisa uDumisani nesishimane. Chaza ukuthi onjani umuntu oyisishimane? (2)
- 6.7 Ukubanjwa nokufa kukaSipho kupoqa uThenjiwe ukuthi ashade noDumisani. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (4)
- 6.8 Chaza ukuthi wena wawuzokwenzenjani uma uzithola kulesi simo uThenjiwe ayekusona sokuthi angenwe uDumisani. (4)
- 6.9 Ubukhona bukaMaMbatha noZungu bubhebhethekise kakhulu udweshu phakathi kukaThenjiwe noDumisani. Uthini umbono wakho? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (4)
- 6.10 Ubani igama likadadewabo kaThenjiwe? Ucabanga ukuthi wayezwelana nodadewabo kulesi simo noma wayema nabazali? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (4)
- 6.11 Yimuphi umlayezo umbhali azama ukuwudlulisa ngalo mdlalo? (2)

[35]

NOMA**UMBUZO 7*****ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi***

Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 – 240.

UDuma noMbandlwu bavezwe njengabadlali abangahloniphi inkosi. Bhala amaphuzu afakazela le nkulomo ubhekise enkulumeni naseenzweni zalaba balingiswa abangenhla. [35]

NOMA

UMBUZO 8

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

(Kuzwakale abantu behhomuzela phandle)

Duma: Mbandlwa, sebekhona abantu lapha ngaphandle awubatshela bangene.

Mbandlwa: *(Asukume aqonde emnyango)* Bakwethu! Bakwethu, ngenani Bo! Ikhangela selimi ngomumo.
(Abuye etafuleni. Nabantu bangene kodwa bayidlanzana nje.)

Duma: *(Asukume)* Ngijyanibingeleta bakwethu! *(Bavume abantu)* Sekuyiso isikhathi lesi sokuqala umhlangano. Oyingqophamlando. Besicela uMbandlwa asivulele Ngomthandazo.

Mbandlwa: *(Asukume nabantu basukume)* Masivaleni amehlo. Baba oseZulwini, siyabonga ngokusivikela silele ebusuku. Uphinde usinike amandla nomdladla wokusukumela izinto ezizosithuthukisa. Manje-ke Baba sisize ngomoya wakho oyiNgcwele ukuze sikhazi ukubonisana ngomoya omuhle. Baba hlehlisa amadimoni angasihlasela. Konke lokhu sikucela ngegama leNkosi uJesu Kristu, Amen.

abantu: Amen! *(Bahlale phansi)*

Duma: *(Ashaye izandla)* Ngicela nizishayele izandla ngokuphumelela kwenu ukufika kulo mhlangano. *(Bashaye izandla abantu)* Siyabonga ngomthandazo kuwe Mbandlwa. Phela ngeke senze lutho oluhle uma uJehova singamceli ukuba ahlanganyele nathi kukho konke esikwenzayo. Ngijyanibingeleta-ke bakwethu! *(Bavume abantu)* Bakwethu! Sengethemba ukuthi abanye abantu basendleleni. Sebeyofika sesiqalile. Phela akufanele silinde ukuhlwa. *(Athule kancane)* Cishe ngakhohlwa! Bakwethu! Lona oseduze kwami ngunobhala wami umnumzane Mbandlwa.

(Phandle kuzwakale amazwi amadoda ahlabelelayo. Abuye asho nesiqubulo.)

Duma: Nampa abanye beze ngezinkani emhlanganweni wentuthuko. *(Aqondise kuMbandlwa)* Mfowethu batshela bangene kuleli kilasi. *(Asukume aphume uMbandlwa)*
(Ngokushesha okukhulu uMbandlwa angene ehlehla esenegazi eliphophoza ekhanda. Ulandelwa yinduna uDlamini ophethe induku. Ulokhu emsikaza efuna indawo angamshaya kuyo.)

8.1 Chaza lezi zisho ezilandelayo njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini ngenhla.

8.1.1 Ukuphophoza kwegazi.

8.1.2 Ukuza ngezinkani.

8.1.3 Abantu abayidlanzana.

(6)

- 8.2 Chaza ukuthi kungani kufanele kuqalwe ngomthandazo uma kuzobanja umhlangano. (3)
- 8.3 Owani wona lo mhlango obizwe lapha? (2)
- 8.4 Chaza ukuthi ukushiwo kwesiqubulo esisesiqeshini kukhombisa ukuthi la madoda ayekusiphi isimo. Yisiphi isenzo esikhombisa ukuthi babekuleso simo? (4)
- 8.5 Usuke wenzani uma uzishayela izandla? (1)
- 8.6 Chaza ukuthi sikusho ngani ukuthi uMbandlwa ulishoshozela? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 8.7 Ubukhona bukaMaNgema noMaShezi buvimbe ukuqhubeka kokuchitheka kwegazi. Sikusho ngani lokhu? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (4)
- 8.8 Chaza ingwijikhwebu etholakala kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMANE. (4)
- 8.9 Ubani imbangi kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMANE. (4)
- 8.10 Yimuphi umlayezo umbhali azama ukuwudlulisa ngalo mdlalo? (4)
- [35]**

AMAMAKI ESIQEPU B: **35**

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE***Izinyembezi Zothando – DBZ Ntuli (Umhleli)*****UMBUZO 9*****ILOBOLO – S Zimema***

Uma ukhetha lo mbuzo omude bhala ngamagama ayi 190 – 240.

Chaza ukuthi ukulandelana kwezelhlakalo abalingiswa abazithola bekuzo ziholele kanjani le ndaba esiphethweni esingalindelekile/ingwijikhwebu.

[35]

NOMA**UMBUZO 10*****ILOBOLO – S Zimema***

Funda lesi siqeshana esicashuniwe bese uphendula imibuzo elandelayo:

"Umukhwe wakho uthi kufanele nibonisane ngalo msebenzi osuvele ungahlelwanga muntu." Lawa ngamazwi kayise kaMandlenkosi. La mazwi uwasho emva kokuba eseze wavuma ukuphuma ekamelweni lakhe.

"Uthi ufuni ukuthi sibonisane? Yena abonisane nami?"

"Impela. Usho kanjalo ngenkathi engishayele ucingo."

"Ufunani? Yini le athi ufuni ukuthi sibonisane ngayo? Angangitsheli ukuthi angimngcwabele ingane yakhe mina. Ngeke ngiyenze leyo nto."

UMandlenkosi lowo ebanga omkhulu umsindo. Umunyu nokuthukuthela kuLangene kuyena kokubili.

"Yehlisa umoya ndodana," kuncenga uyise.

"Baba, ngithi ngeke ngikhiphe ngisho isenti. Kufanele izibonele leya ndoda ukuthi yenze njani. Ingiphathe kabi. Kufanele izingcwabele yona ingane yayo. Angingeni ndawo mina."

"Mandlenkosi, ngeke ukubalekele ukuthi kade sekuwumfazi wakho lowaya, mntanami," kusho unina. "Kufanele umelekelele umukhwe wakho uma ecela usizo. Kufanele umngcwabe umakoti wakho mntanami."

"Kuphi?"

Awu, umbuzo onjani futhi lo? Konje uzophendula athini unina? Ukuba sedolobheni, akufani nasemakhaya lapho kufihlela emakhaya. Indida wukuthi umukhwe ubengakayikhululi indodakazi yakhe.

"Cha, ndodana, umama wakho akaqonde khona ukuthi kufanele umlande uzomngcwabela lapha ekhaya. Ngeke kuze kube njalo ngokubona kwami. Aqonde ukukusho wukuthi wena kufanele welekelele umukhwe wakho phela."

"Baba, ngeke ngize ngimelekelele umuntu ongazange afune ukubambisana nathi. Ngizoze ngimelekelele ngoba ngincengeni kuyena?"

"Usungasale sewenza ubuntu phela mntanami ngoba vele sasesibuphembile ubuhlobo," kusho unina.

"Uma kunjalo ubeyifuyeleni ingane yakhe isilotsholiwe? Angithi bekumnandi kuyena ehlezi nomfazi wakhe, mina engiqhoboshile. Nanamhlanje angilazi icala lami. Angibazi ububi engabenza kulowaya muntu. Sekufanele asidle lesi sijabane sakhe abesiphekile. Sesivuthiwe manje. Akasidle!"

- 10.1 Shono ukuthi yiqiniso noma akulona iqiniso.
- 10.1.1 uMandlenkosi wayeseshadile ngokusemthethweni.
- 10.1.2 Ngokwasendabeni umshado oyingcwele yilowo wasesontweni.
- 10.1.3 Umakoti kaMandlenkosi washona ngenxa yengozi yemoto.
- 10.1.4 Uyise kamakoti kaMandlenkosi wafika yena ngokwakhe ezobika isifo kuMandlenkosi. (4)
- 10.2 Chaza izinto EZINTATHU uMandlenkosi athi ugodlelwa zona ngumukhwe wakhe. (3)
- 10.3 Ukuphela kwezinyanga ezine engashadisa umshado oyingcwele uMandlenkosi kube namthelela muni komakhelwane endaweni yakubo? (2)
- 10.4 Ngabe kuyiqiniso noma kungumbono ukuthi uMandlenkosi wayemthanda umakoti wakhe. Sekela impendulo yakho. (3)
- 10.5 Chaza ukuthi kushoni lokhu okulandelayo:
- 10.5.1 "Yehlisa umoya ndodana."
- 10.5.2 Sekufanele asidle lesi sijabane sakhe asiphekile. (4)
- 10.6 uMandlenkosi ngumuntu ongancengeki. Ngabe uyavumelana nalokhu? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa ezechlakalweni eziSendaben. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (4)
- 10.7 Chaza ngokombono wakho ukuthi kwenziwa yini ukuthi abazali bakaMandlenkosi bamncenge kangaka? (4)
- 10.8 Chaza ingwijikhwebu etholakala kule ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (4)
- 10.9 Chaza ubudlelwane obesebuphembekile phakathi kwabazali bakaMandlenkosi kanye nabazali bakamakoti wakhe. (3)
- 10.10 Kubonakala sengathi isimo senhlalo sibe nomthelela omkhulu esinqumweni esathathwa nguMandlenkosi mayelana nomakoti wakhe kanye nomshado. Sekela lo mbono ubhekise kule ndaba. (4)
- [35]

AMAMAKI ESIQEPU C: **35**

ISIQEPHU D: IZINKONDLO***IZINKWAZI ZOTHUKELA NAMAHLOKOHLOKO***

Khetha izinkondlo EZIMBILI kuphela bese uphendula imibuzo ezolandela ngazo.

UMBUZO 11**NGIYAFISA UKUBA QOTHO – DA Hlophe**

Ngiyafisa ukuba qotho
 Ngishumayele ngobuqotho,
 Ngibe qotho ezindleleni zami
 Ulimi lwami lube qotho,
 Ngibe qotho nanxa ngikhuluma.

5

Ngiyafisa ukuba qotho
 Emsebenzini yami.
 Nanxa ngikhandleka
 Imisebenzi yami ibe qotho
 Iziphambeko zami zisulwe.

10

Ngiyafisa ukuba qotho
 Kubazali bami
 Ngihloniphe omdala nomncane
 Ukuze ngitshal'imbewu
 Yobuqotho esizweni sakithi.

15

Ngiyafisa ukuba qotho
 Eziphiweni zami enginazo
 Ukuze ngisebenzise zonke
 Ngokukhulu ukwethembeka
 Ukuze ngijabulise, abantu.

20

Ngiyafisa ukuba qotho
 Naku Somandla uqobo!
 Ngiziveze ngimsulwa kuye
 Ngikhale kuye angizwe
 Yen' owazi ngempokophelo yami.

25

11.1 Chaza ukuthi imbongi isho ukuthini ngalokhu okulandelayo:

11.1.1 Nanxa ngikhandleka
 Imisebenzi yami ibe qotho.

11.1.2 Ulimi lwami lube qotho,
 Ngibe qotho nanxa ngikhuluma.

(4)

11.2 Imbongi ithi ifisa ukuba qotho eziphiweni zayo. Bhala okunye OKUTHATHU
 efisa ukuba qotho kukho.

(3)

- 11.3 Bhala imigqa enenjambementi esitanzeni sokugcina bese usho ukuthi imbongi iyisebenziseleni. (3)
- 11.4 Bhala umugqa onesizura esigabeni sesine usho ukuthi ukusetshenziswa kwayo kuwulolonga kanjani umqondo. (3½)
- 11.5 Shono uhlobo lokuxhumana olutholakala esigabeni sokuqala bese ubhala nesibonelo sakhona. Shono ukuthi lokhu kuxhumana kunamthelela muni kulesi sigaba. (4)
[17½]

NOMA**UMBUZO 12****NONKULULEKO – NC Makhanya**

Nonkululeko ntokaz'enhle,
Kad'ufunwa nkalo zonke,
Imilomom ingavalwa ngawe,
Ufunw'ezintabeni zasemaweni,
Ufunw'emagqumeni nasezigodini,
Namhla ufunyenwe ntokazi enhle.

6

Nonkululeko ntokaz'enhle,
Ufunwe ngaphesheya nanganeno,
Wafunwa kuyo yonk'i-Afrika;
Wafunwa kuyo yonk'i-Eshiya;
Wafunwa kuyo yonk'iYurophu,
Wafunwa kuyo yonk'iMelika.

12

Nonkululeko siphalaphala sika-Afrika,
Ukufika kwakho kuletha intokozo,
Yesul'izinyembezi zeminyaka,
Namuhla sisin'umphiqilo,
Sishay'ndlamu, sichway'umchwayo,
Sisin'umphendu, sisin'umqokozo.

18

Nonkululeko ntokaz'enhle
Ulindwe ngokukhul'ukubekezelwa,
Ulindw'abanewenu bozalo,
Baguquk'imilalande kwezinye izinkalo,
Baqqok'izinxibi kwamany'amagquma,
Baguquk'iziduli zaphakade kwelemiphafa.

24

Nonkululeko ntokaz'enhle,
Ukufika kwakho kufana
Nokuqhamuka kwenhlamvu yelanga,
Ewukukhanya kwaphakade.
Ubukhona kwakho bush'ukuhlabana
Okuyosala kungumlando waphakade

30

Nonkululeko ntokaz'enhle,
 Uzel'uNokuthula sethaba,
 Wazal'uNtuthuko sethaba,
 Wazal'uNobuhle sethaba,
 Wazal'uNolubambiswano sethaba,
 Phila njalo ntokaz'enhle.

36

Nonkululeko ntokaz'enhle,
 Mana njalo kuleyo nqubo,
 Qhubeka njalo kuleyo migomo,
 UNolucwasano mfak'inhlanekela,
 UNoluphithano mkhom'indlela,
 UNomaqili mfundis'isifundo.

42

- 12.1 Ukubizwa kukaNonkululeko ngesiphalaphala sika-Afrika kuletha muphi umqondo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 12.2 Siwulolonga kanjani umqondo wenkondlo lesi sifenco: "Uzel'uNokuthula sethaba" (2)
- 12.3 Shono ukuthi izimpawu zokuloba ezisetshenziswe esigabeni sesi-5 ziwulolonga kanjani umqondo wenkondlo? (2)
- 12.4 Kwenziwa yini ukuthi imbongi ifanise ukufika kukaNonkululeko nelanga? (2)
- 12.5 Ukuxhumana okusesigabeni sesi-6 kuveza muphi umqondo wenkondlo? (2)
- 12.6 Isyo ukuthini imbongi uma ithi uNonkululeko ufunwe ngaphesheya nanganeno? (2)
- 12.7 Esigabeni sesi-5 kukhona impindamqondo. Yibhale phansi bese usho ukuthi inamthelela muni enkondlweni? (2½)
- 12.8 Chaza ubunkondlo obusetshenzisiwe ukuthi bukhombisa kanjani imizwa yembongi kule nkondlo. (2)
- 12.9 Bhala igama lendawo eyodwa lapho kufunwe khona inkululeko. (1)
[17½]

NOMA**UMBUZO 13****KUDLA FUMUKA KUDLE SILAZA – FF Mbatha**

Sinizwa kahle zikhulumi,
 Nithi asesule izinyembezi ezigelezayo,
 Sikushaye indiva ukubalisa kwezinhliziyo,
 Sikholwe singakholwa yiqiniso –
 Umfowethu uselifulathole elakwamhlaba.

5

Siyanizwa zikhulumi, Nithi asigwiny' itshe singemifula, Silalel' usizi lusijijimeza, Lusijijimeza ngemicibisholo, Ngemicibisholo yezinhlungu.	10
Bekufanele yini Ukufa kumakhel' uzungu, Kancane kancane kumcathamel, Kumcathamele kumholele ophathe Engazelele kumbhozomele kumjuqe?	15
Bekufanele yini Ukufa kusine kuzibetheli, Iminjunju idlale ngaye Izinhlungu zichachaze ngaye. Ubuhlungu bube buhlungu kabuhlungu?	20
Bekufanele yini Impophoma yezinyembezi igobhoze, Ithantala lezinyembezi ligeleze, Ligeleze njalo lemuke nempilo, Impilo okungukuphela kwayo? Bekufanele yini Injabulo nezifiso zingafezeki, Ukufa kumhlwithe ngesidlozana? Kufa awunanembeza, Ngokudla fumuka udle silaza.	30
Siyanizwa baduduvi, Nith'asigwiny'itshe sixole. Nithi lena yingoma mtshelekvana, Akukhethi bala nanyak Kudla fumuka kudle silaza	35

13.1 Khetha impendulo efanele kulezo ozinikeziwe:

- 13.1.1 Ukugwinya itshe kusho (ukuminza, ukuqinisela, ukudla).
 - 13.1.2 Ukufa uma kucathamela umuntu kusuke (kumdumela, kumbhudukezel, kumnonyobela).
 - 13.1.3 Izinhlungu ezichachazayo (ezizenzelayo, ezimfikelayo, ezidedelayo). (3)
- 13.2 Hloba luni Iwesifengqo imbongi esisebenzise kakhulu kule nkondlo. Shono ukuthi siletha muphi umqondo. (3)
- 13.3 Ingabe isihloko senkondlo siyahambisana yini nokushiwo yinkondlo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

- 13.4 Bhala isisho esisesitanzeni sokuqala bese usho ukuthi siletha noma siveza mqondo muni ngokufa. (3)
- 13.5 Isha ukuthini imbongi uma ithi:
- 13.5.1 Ukufa akukhethi bala nanyaka?
- 13.5.2 Ukufa yingubo mtshelekwana? (4)
- 13.6 Chaza isigqi esitholakala esitanzeni sokugcina. (1)
- 13.7 Bhala uhlobo olulodwa lokuxhumana olutholakala esigabeni sesi-6. ($\frac{1}{2}$)
[17½]

NOMA**UMBUZO 14****INGQALABUTHO – LMMS Madondo**

Ingqalabutho, umzukulu kaMakhwatha,
Umshini noLeah babeziqhweba inqlu,
Ngengqalabutho kaZulu.
Wabhula umbethe nomhlevu.
Nawe Groutville awumncinyana.
Engathi shishaya nje uwe
Owasifundisa ukuhaya ngesimanje.
Wabhl'umbethe ngenkondlo kaZulu,

8

Inkondlo kaZulu kwakuyizibulo lakho
Inkondlo kaZulu wavusa uZulu
Wayikhomba indlela kaMakhwatha
Wayikhomba inyathuko njengomholi
Sikhuleka kuMshini benoLeah.

13

Emva kweshumi leminyaka,
Inkondlo kaZulu yelanywa
lanywa Amal'eZulu
Amal'eZulu akunika izimpiko
Wadlondlobala kwajabha izimfamona
Zibona uqombola ummango, uqopha umlando.
Sibongela uMshini noLeah
Kwale noma bekucokofula.

21

Abamhlophe nabansundu
Thina sithi akusoka lingenasici
OTaylor benomlingani wakhe uGerard
Babethi bakwehlisa isithunzi
Kanti bukushunqisela impepho
Impepho yokudla ubhedu lobunyosi
Sibonga isisu sakho Leah.

28

Izimbong' eziningi zikushayel'ihlombe
 Zitusa ikhono ingqayizivele
 Zith'uVilakazi ingqalabutho
 Enyunesi yabamhlopho abelungu.
 Nakuba ilanga lashona useliguqa,
 Ukulwile ukulwa okuhle
 Umzabalazo wakho usezandleni zethu,
 Imbenge owayiqalayo,
 Siyosala siyiphetha.
 Izinyembezi esakukhipha ngazo,
 Namuhla ziintokozo nethemba.

39

- 14.1 Lo muntu okukhulunywa ngaye lapha enkondlweni wazalelwu kuyiphi indawo? (1)
- 14.2 Isto ukuthini imbongi ngalokhu okulandelayo:
- 14.2.1 Inkondlo kaZulu kwakuyizibulo lakho.
 - 14.2.2 Ilanga lashona useliguqa.
 - 14.2.3 Ukudla ubhedu lobunyosi. (6)
- 14.3 Ubizelwani uVilakazi ngengqalabutho? Bhala kube KUBILI. (2)
- 14.4 Bhala incwadi eyodwa yezinkondlo eyabhalwa nguVilakazi. (½)
- 14.5 Chaza ukuthi ibinza lokugcina libe namthelela muni ukuvezza umqondo wenkondlo. (4)
- 14.6 Imbongi isebezise uhlolo oluthile lwasifeno emgqeni we-16. Sibhale phansi bese uyasho ukuthi siveza mqondo muni. (2)
- 14.7 Ukuhumana okuvezwe emgqeni we-11 nowe-12 kuwukhanyisa kanjani umqondo wale nkondlo? (2)
[17½]

AMAMAKI ESIQEPU D: 35**AMAMAKI ESEWONKE:** 70